

USARS uthole ukukhuthazeka ngemiphumela yendlela entsha oyithathile

Tshwane, 9 kuLwezi 2021 – UKhomishana woPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS), uMnu. Edward Kieswetter, utshele iPhalamende namuhla ukuthi uSARS uthole ukukhuthazeka ngenqubekela phambili ebonakalayo ekwakheni kabusha uSARS njengesikhungo esiziguqulayo sibe uSARS wesimanje SMART Modern SARS.

USARS oqoqe isamba esiphelele esingaphezulu kuka-R1.55 trillion, esinemali engu-R1.25 trillion yesilinganiso semali okube yinani elingu-R38 billion ngaphezulukwesilinganiso esibukeziwe. Izimali ezibuyele abantu ziyinani elingu-R300.6 billion, okuyinani elingu-R20 billion ngaphezulu kunenani lonyakamali wezi-2019/2020.

Wengeze ngokuthi, “Ukungenelela kwethu okuthile kokuthobela esithola siphinde sinqinde ukungathobeli kusenzele i-R172 billion, okukhombisa ukuthi lisekhona ithuba lokuthuthukisa amazanga okuthobela kuzona zonke izinhlobo zentela”. Lokhu kuhambelana nesu lokuphokophelwe uSARS lokwenza kumbe eqolo kulabo abaqhubekayo nokungathobeli.

Phezu kwalokho, izindlela zokwehlisa umthwalo obangelwe yi-Covid-19 zinikwe u-R38.9 billion kanti kwenziwe nokuhwebelana kwenani lika-R2.6 trillion okuxhunyaniswe ngokomyalelo wakwaSARS.

Uqinisekise ukuthi amazanga okuthobela angaphansi kwengcindezi, njengoba izinga lokuthobela selilonke liku-62.61%, uma liqhathaniswa nelangonyaka owedlule ebeliku-65.05%. Inhlolovo i-*Public Confidence Survey* ikhomba ukuthi ukulandelwa kwemigomo yentela akukubi kodwa lokhu akukanyusi amazanga okuthobela.

Uthe laba abakhokha intela bayanda njengoba kubhaliswe abanye abakhokhintela abayi-1.6 million ebhukwini lentela okubangele ekwengezweni ngo-R4.6 billion emalini eqoqiwe kulo nyaka obukezwayo.

“Esikuphokophele kokwenza kube lula kubakhokhintela ukuba bathobele nakho kube nomphumela omuhle: 86.3% wokuxhumana kukaSARS nabakhokhintela okwenzeke ngemigudu yedijithali efana ne-eFiling kanye ne-MobiApp”.

Kodwa-ke, uKhomishana uxwayise ngokuthi umthelela nokwanda kwenkohlakalo kanye nokumosa akuzange kube wusizo ekuthuthukiseni indlela abantu ababuka ngayo intela emphakathini.

“Phezu kwalokho, 83.2% wabakhokhintela abajwayelekile (abakhokhintela abayi-3.4 million) bathole ukuhlolwa okuzenzekelayo okwenziwe kusetshenziswa imininingo ekhona kwaSARS elethwe ngumuntu wesithathu. Into abakhokhintela okwakumele bayenze kwakuwukucofa nje bemukele noma balungise.

“Ukusebenza ngempumelelo kwale migudu kubonakale ngokuthi kuqoqwe u-R1.55 trillion kusetshenziswa i-eFiling.”

UKhomishana wakwaSARS uthethe eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni uhlelo lwe-*Accredited Economic Operator* (AEO) lunike ababambiqhaza abayi-132 isimo sokuba umhwebi okhethwayo esaziwa nge-Preferred Trader status.

“Ukungenelela kwabayibambe ophondweni kubahwebi abakhethwayo Preferred Traders kwehle ngo-22% kulesi sikhathi; ukudalula 5.6 million eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni kudluliswe ngaphansi kwemizuzwana eyi-10 okwenza ukudalula okungu-95%; kanti isikhathi sokuhlola noma sokuphenya sona sinciphile sisuka kumahora angu-109 kwaya kwangama-44. Okubanjwe yiHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni kufinyelele ku-R2.7 billion.”

Imizamo kaSARS yokuphoqelela umthetho nayo ibe nemiphumela endaweni enzima futhi iphonselana inselelo. Le mizamo ithole u-R147 million ekukhwabaniseni okwenziwe ngama-PPE kanti isilinganiso sababoshwa singu-96% ngokubambisana neNPA. Isikhungo sisebenzisana nezinye izinhlaka zokuphoqelela umthetho kanjalo nezinye zikahulumeni.

Uphiko olusanda kwethulwa Lwezingquphunga selubhalele izingquphunga eziyi-1400 izincwadi eziya kuzo ngqo kanti ezingama-275 kuzo sezibukeziwe. Ngokulinganayo, uSARS usehlonze abakhokhintela abayi-26 000 abangabhalisile abanempahla ebezela imali ngemisebenzi yezomnotho eyevile ku-R1m.

Indawo obekugxilwe kuyo bekungamazinga okuthobela ezigabeni ezahlukene, ezifana nabaQashi; SMME; Large Businesses kanye neziNgquphunga. Phezu kwalokho, amazinga okuthobela emikhiqizweni yentela efana nePAYE, CIT kube nokukhathaza, wabe uSARS usuqale uhlelo olugxila ekubhekeleni lo mkhuba.

UKhomishana uthethe “ukuze sikwazi ukwenza lolu hlelo phezu kwezingqinamba zezimali, uSARS utshala imali engu-3% wesabelomali sawo sohlelo lokwenza kabusha isikhungo ukuze sikwazi ukumelana nokuhambisana nezinguquko ezenzekayo kwezobuchwepheshe”.

Uphethe ngokudlulisa ukubonga okukhulu kuzisebenzi zakwaSARS ngokweseka kwazo umyalelo wesikhungo. Ngezwi elifanayo, uxolisile kubakhokhintela abangakwazanga ukuxhumana nesikhungo ngenxa yezingwinamba uhlelo lokusebenza lwesikhungo esibhekene nazo.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za